

PULA INVULA

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

Vikela izitshalo zakho zingashiswa umlilo

FUNDA NGAPHAKATHI:

- 3 > Iphrogramu lethu lezikole
lihamba phambili
- 7 > Ukumazi...uMonica
Mathamba
- 8 > Kuphakanyiswa izinkathazo
emhlanganweni (eKhongolosi)

UBUSUKU BUYEZA EMVA KWEHLOBO ELIMANZI ELIFIKE EMVA KWESIKHATHI NOKWINDLA OKUMANZI FUTHI OKUPHUZILE UKUFIKA. NGOBA IZULU LINE KAHLE NGASO SONKE LESI SIKHATHI, AMADLELO EZIMFUYO MAHLE KAHLE, KODWA LOKHU NAKHO KUSHO UKUTHI UKUSHA KWENDLE NAMASIMU KUNGABA INGOZI ENKULU LO NYAKA.

Umlilo ungadala ingozi enkulu emapulazini. Umentshisi owodwa ungakwazi ukushabalalisa nokubulala amahektheli ayizinkulungwane omhlabeni emapulazini. Umlilo emasimini uvama ukuvela ngaphambi noma emva kokuvuna ngoba ngaleso sikhathi umvuno uvuthiwe namasimu omile.

Izindlela zokuvimba umlilo

- Izingane azifanele zidlale ngomentshisi.
- Ungaphonsi umentshisi ovuthayo noma usikilidi etshaneni obomile, noma emakhasini omile noma ezihlahleni ezomile.
- Ungabasi umlilo ongavikekile ngaphandle edleleni noma uma kukhona umoya ovunguzayo.
- Qinisa ukuthi yonke imililo ebasiwe icishiwe kahle lapho usuqedile.

Uma ubona umlilo

- Lapho ubona umlilo edleleni noma emasimini,

tshela masinya abakhelwane nomphathi obheka umlilo kuleyo ndawo. Batshele kahle ukuthi ukuphi lowo mlilo.

- Shiya abanye abantu ekhaya abazonikeza imininingwane maqondana nomlilo kubanye abantu. Uma unerediyo noma ucingo, ungabokusebenzisi ukuze abanye abantu bazokwazi ukuthintana nawe lapho kuvela izindaba ezinsha maqondana nomlilo.
- Uma ungesiye umnini wepulazi, kufanele wazise umnini masinya ukuthi ukuphi umlilo.
- Susa zonke izimfuyo nemishini uzise endaweni engenangozi.

Amathulusi ongawasebenzisa ukucisha umlilo

- Izinto zokucisha umlilo – ezifafafaza amanzi noma impushana eyomile.
- Yenza izinto zokubhula umlilo usebenzise amabhande erabha amadala noma amasaka amanzi. Lapho ubhula umlilo ngamabhande noma ngamasaka ususa umoya (i-oksijini) odingekayo ukuze umlilo uvuthe. Uma kungekho i-oksijini umlilo uzocimacima kancane uze ufe.
- Sebenzisa amaphampu aboshwa eqolo bese umanzisa utshani emaceleni nangaphambi komlilo. La maphampu angasetshenziswa futhi lapho utsheka ukuthi umlilo ofile zonke izindawo emva



7



8



Unkk Jane uthi...

Ngokwamanje imidiya (iTV, irediyo namaphephandaba) ikhuluma kakhulu ngobugebengu nenkohliso. Kwenzekani kubantu bethu, umthetho wokulinganisa impilo yethu nenkambo elungileyo? Mhlawumbe kufanele sixoxe ngenkambo elungileyo.

Enkambeni elungileyo emsebenzini kukhona isimo sakho, indlelo ukuziphatha, ukukhulumisana nokuzwana – indlela sizwana nabanye. Umbuzo omkhulu lapho sikhulumisana kuhambelana nalokhu okufaneleyo (okuqondile) nalokhu okubongekayo ubuza ukuthi lokho kumi kanjani nalokho okungalungileyo nalokhu okunamacebo.

Ngeminyaka edlule kwakukhona izinkampani nabantu abangenekambo elungileyo, babesebenza ebumnyameni futhi kwakungenomthelelo omuhle ebantwini abanye. Labo bantu abazange bayibheke ngokuqonda le nkinga, lapho abanye bebenza izinto ezilungileyo.

Inkambo elungileyo emsebenzini njengobuqotho, ukusebenza kahle, ukubeka inani emsebenzini wakho, ukwazi ukuthi usebenzelani, konke lokhu kubalulekile. Kufanele sifise ukwenza izinto eziqondile. Izinkambo ezilungileyo zivela enhliziyweni, zivela phakathi.

Ekulimeni kukhona amathuba amaningi ukugqamba amanga nokwenza izinto ezimbi. Cabanga ngabantu ababoleka imali kodwa abayibuyiseli leyo mali emva kokuvuna; abanye bayatshala, bathengisa umvuno bese bathi abazange bathole umvuno; noma labo ababoleka imali yokutshala inani lamahektheli elithile, bese batshala namanye amahektheli futhi (abasebenzisi leyo yokuqala ukulima maqondana nesivumelwano). Abantu abangakhokhi imali maqondana nesivumelwano, abaqamba amanga ngokungasebenzi ngamandla, abantu abathengisa izimpahla ezingasizo ezabo, abantu abathenga izimpahla ezintshontshiwe...njalonjalo.

Uma sifisa ukwakha nokukhulisa isigaba somsebenzi wezokulima ezweni lethu, kufanele sibuyele phansi, kufanele semukele futhi izimo zomthetho oqondile, izimo zokusebenza ngokukhuthaza nokuhloniphisana. Bonke abantu, nalabo abasebenza eminyangweni kagavumente bafanele benze umsebenzi ofanelekile njalo ngosuku. Lokhu kuyindlela eyodwa ezosiza ukuthi siphumelele phambili. Lapho ufuna ukushintsha indlela izinto zenziwa ngazo – kufanele kushintshe wena kuqala. Hamba phambili wena, thembeka. Masibuyele endaweni lapho sizokwazi ukuthi ngokuqonda: amazwi ami aqondile, ngikhuluma iqiniso.

Vikela izitshalo zakho zingashiswa umlilo

kwesikhathi sokucisha umlilo omkhulu.

- Sebenzisa amathangi amanzi nephampu oku zonikeza amanzi akwanele.
- Amafosholi namahaliki angastshenziswa ukwenza isivimbo etshanini esizovimba ukuthi umlilo usabalale kwezinye izindawo. Ungokhela futhi omunye umlilo osuka kulesi sivimbo ovutha oya lapho umoya uqhamuka khona. Isimo somlilo siyindawo esicishe sifane nomgwaqo lapho kungekho khona utshani obuzokwazi ukuvutha.
- Sebenzisa amafosholi namahaliki ukucisha umlilo ngesihlabathi nagenhlabathi. Wasebenzise futhi ukususa utshani obomile obuzokusha kalula.
- Sebenzisa izigamula ezibanjwa ngezandla zokusika utshani obungashanga ngaphambi kokufika komlilo.

Ukulwa nomlilo

- Sondela kumlilo eceleni noma ngapha nangapha (omabili amaceleni lapho uvutha khona umlilo) ukuze unciphise ingaphambili yomlilo.
- Uma kukhona isivimbo somlilo noma isivimbo semvelo njengomfula, zama ukusa umlilo kuleso sivimbo.
- Beka abantu ezindaweni abazokulwa nokulwa nomlilo lapho umlilo ungaqala khona. Umoya uyakwazi ukuvunguza uhambise izinhlamvu zomlilo endaweni elingana nekhilomitha.
- Kubalulekile ukubhula ngendlela ezobuyisela utshani obuvuthayo ngaphakathi emlilweni ukuze izinhlamvu zingaphuphuki zingene ebuthshaneni lapho umlilo ungavuthi khona.
- Hlola indlela umoya uvunguzayo ngaso sonke isikhathi – uvelaphi, oqonda kuphi?

Emva kokucisha umlilo

Emva kokucisha umlilo, kufanele wenze okulandeyo:

- Qinisa ukuthi abekho abantu abalimele.
- Hamba kuzo zonke izindawo lapho umlilo ubevutha khona amahora amathathu ukuqini-

sa ukuthi azikho izindawo lapho umlilo uqale ukuvutha futhi.

- Buyisela yonke imishini ezindaweni zayo.
- Phinda ugcalise amathangi ngamanzi.
- Lungisa imishini ephukile noma elimele.

Isivimbo somlilo

Bonke abanini bomhlaba noma abanamapulazi lapho kungaqala khona umlilo ozoshisa lelo pulazi noma ongaya kumanye amapulazi, kufanele bakhe isivimbo somlilo emkhawuleni wepulazi labo namanye amapulazi. Kuyisibopho sakho sokuqinisa ukuthi umlilo ungaqali epulazini lakho. Ukwakha izivimbo zomlilo epulazini lakho kungakusiza ekugcineni ngoba kungavikela wena nepulazi lakho (ipulazi, izakhi, izitshalo, izimfuyo) kungavelelwa ingozi. Abakhelwane mhlawumbe bangavuma ukwakha nokubheka izivimbo somlilo emkhawuleni yamapulazi. Isivimbo somlilo:

- Sifanele sibe banzi sibe bude ngokwanele ukuvimba umlilo ukusuka kwelinye ipulazi uye kumapulazi amanye;
- Asifanele sidale ukuguguleka komhlabathi;
- Asifanele sibe nezinto ezingasheshe sivuthe bese zingahambisa umlilo emadlelweni.

Umgomo wesivimbo somlilo

Umgomo wesivimbo ufanele uhambelane nalokhu okulandelayo:

- Ukuvimba ukusakazeka komlilo ophathwayo (njengokwenza isivimbo somlilo) nomlilo obalekayo ongaphathwayo;
- Ukuthola indawo lapho umlilo ungacishwa khona;
- Ukuthola izindawo lapho kungokhelwa umlilo emuva ozosiza ukuvimba umlilo obalekayo;
- Ukuthola indawo lapho kuzoqalwa khona ukulwa (ukucisha) umlilo;
- Ukuthola izindlela zokusondela nokufika kumlilo.

UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU LEGRIN SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI



Iphrogramu lethu lezikole lihamba phambili

NGO-2010, iGRAIN SA LIQALE IPHROMU EZIKOLENI ELISEKELWE IMAIZE TRUST. IPHROGRAMU BELINOMPHUMELO OMUHLE. NGESICELO SETHU KU-MAIZE TRUST SOKUTHOLA IMALI NGO-2010/2011 SIPHINDE FUTHI UKU-CELA IMALI SOKUSEKELA IPHROGRAMU LEZIKOLE SUCCESS. IMAIZE TRUST LALINOMUSA LOKUVUMA UKUNIKEZA IMALI YOKUYA EZIKOLENI.

Kubalulekile ukududa izingane ukwazi ukuthi ukulima kunenani (igugu) lapho kukhiqizwa ukudla (kuyindawo lapho kuvela khona ukudla), kuyinto enkulu ezindatsheni zezomnotho, kunikeza ithuba lokuthola imisebenzi futhi kuyindawo lapho ungakhetha ukuyosebenza khona. Uhafu wabantu eAfrika banentanga engaphansi kwa-20. Ngokwamanje izingane zingabathengi zezimpahla, zingabathengi bakusasa futhi bayizizukulwana ezingabasebenzi zakusasa. Uma sikwazi ukubafundisa manje ukuthi ukulima kubalulekile, kakhulukazi umsebenzi wokukhiqiza ukudla okuzinhlamvu, singazama manje ukubasiza ukuqonda ukuthi konke lokhu kubalulekile.


Lo nyaka umgomo wethu ngale phrojekthi lethu kwakukwenza amaDVD amathathu ahlukene akhombisa isigaba sokwezokulima, umsebenzi wokukhiqiza ummbila nokukhetha ukuyosebenza ekulimeni. Inani lezingane eziya kulezi zifundo likhulu – kuzo zonke izikole besingakwazi ukubona zonke izingane kanyekanye (inani elikhulu alisebenzi kahle ngoba awukwazi ukunaka zonke zidingo zabo), noma ukubona amaqembu lezingane amancane (lokhu kusho ukuthi umfundisi ufanele efundise isifundo sinye kaningi). Siye ukubona iAgriSETA ngo-Okthoba 2010 ukubacela ukusekela le phrogramu. Bathe bazonikeza R360 000 ukwenza la maDVD amathathu. Sayemukela isithembiso sabo sasesaqala ukukhetha abantu abazokwenza lawo maDVD. Ekugcineni sakhetha uMartie Williamse waseNoline Productions ozokwenza iDVD lokuqala noPW van Wyk waseAgriTV ozokwenza iDVD lesibili.

Abafundi bakhethwe ezindaweni eziyishumi, eFreyistata, eNorth West, eNorth West/Gauteng, KwaZulu-Natal, eEastern Cape, eNorthern Cape naseMpumalanga. Ngethemu lokuqala siye kuzikole ezingu-180 sakhombisa abafundi lawo maDVD. iDVD lihlanganiswe ngendlela evumela umfundisi ukumisa iDVD ezindaweni ezintathu ukuze umfundisi uzokwazi ukuxoxa ngalokhu okukhonjisiwe nabafundi. Emva kokubheka iDVD lokuqala isikole sizothola iphosta elizokhumbuza abafundi ukuthi iDVD belifundisani – Ukudla, Umthambo, Impilo.


Sibuze abafundi abathile kulezi zikole lapho siye khona sababuza ukuthi lokhu esizame ukubafundisa kubasizile. Masizwe ukuthi bathini.




Abafundi esibabonile ngethemu lokuqala ngo-2011.



Izikole esihambe kuzo ngethemu lokuqala ngo-2010 nango-2011.



Abafundi abayile kuzifundo ngethemu lokuqala.



Izikole esiyile kuzo kumaphrovinsi athile ngethemu lokuqala ngo-2011.

Iphrogramu lethu lezikole lihamba phambili

UMoliko, uTebello noDoreen abafundi baseQuibing Senior Secondary School

"Angazi ukuqala kuphi kodwa ngiyazi ukuthi ngifunde okuningi futhi ngisafuna ukufunda okunye futhi. Ngikholwa ukuthi kubalulekile ukutshala imithi nokunye ukuze sizokwazi ukuphila kahle njalunjalo. Ngifunde futhi ukuthi ukutshala akusiko umsebenzi wabalimi kuphela, thina esingabantu abasha, siding ukwazi okuningi okuhambelana nomsebenzi wokulima ukuze sizokwazi ukukhiqizela abanye abantu ukudla. Ngokusuka namuhla ngizoqala ukutshala amaveji ngoba ngifundile nami ngiyakwazi ukusiza. Ngithumela iGrain SA isibusiso sami. UNkulunkulu abe nabo ukuze sihlangele futhi."

UMonique Pretorius waseWinburg High School

"Yebo, ngifundile ukuthi singenza umehluko uma siyosibenza emapulazini emva kokuqeda ngesikole ukuze sonke sisizane sibe nokudla. Ngibonile futhi namuhla ukuthi kubuyaphi konke ukudla nezinye izinto esikudlayo, akulula ukwenza zonke lezo zinto, besingacabangi ngalokho. Angizange ngicabange ukuqonda ukuthi zenziwa kanjani lezo zinto, kungimangalisile. Ngibonga kakhulu!"

UThabiso Msomi waseLinpark High School

"Yebo, kusikhombisile ukuthi ukudla esikudlayo kufika kithi futhi kwenziwa kanjani. Kusikhombise futhi ukuthi kukhona izinto emsebenzini wezokulima esingakwazi. Kusikhombise ukuthi izingubo esizembathayo zenziwa kanjani futhi zifika kanjani kithi."

UBongani noSechaba waseThabo Thokoza Secondary School

"Yebo! Sisiqonde kahle isifundo futhi sifunde okuningi maqondana nokulima. Asikwazi ukuphila ngaphandle kokulima. Kukhona ukulinganisa okusondele ngaphakathi kwabalimi abalimi abakhiqiza ukudla ngokufuya izimfuyo nokutshala izitshalo. Sifundile ukuthi lokho esikugqokayo kuvela ekulimeni, sifundile futhi ukuthi ubhekilanga ukhiqiza uwoyela futhi ukhottini usebenziswa ukwenza ama"jeans". Sifundile futhi ukuthi 'photosynthesis' kwenzeka ezitshalweni eziluhlaza ne'chlorophyll' kutholakala ezitshalweni eziluhlaza. Siyanibonga Grain SA, bekumnandi ukuhlangele nani."

UMalefane Retscheditswe wase-Boitumelo Secondary School

"Ngibonile ukuthi ngaphandle komsebenzi wezokulima sizolamba futhi asingeke sibe nezinto zokwembatha. Ngokwami ukulima kuyinto enhle, kusiza abantu, izilwane nokunye. Ngifuna ukucela abantu ababulala izilwane nemithi ukuthi bakhawule, ngoba lapho baqubeka ukubulala imithi sizohlopheka ngoba asingeke sibe nokudla, amapulungwe ukwakha izindlu, ifenisha nezinto zokubhala, futhi uma sibulala izilwane sizohlopheka ngobe asingeke sibe nezinto zokwembatha nokudla – ngiyakuthanda lokho..."

URamona Steenkamp wasePionier Hoërskool

"Yebo, kwakulusizo olukhulu. Mina sengihlonipha ngibonga lokho engikudlayo futhi indawo lapho kuvela kukhona. Siyabonga ukusherisha ulwazi lenu nathi. Sicela ukuthi niqhubeke ngalo msebenzi wenu, bekuyisimangaliso."

Mosamo, Mokhele P, Diphapang, Radimo and Mokhetni M from Le Reng Secondary School

"Sifunde izinto eziningi esingazazi, njengalokhu: 90% wokudla womhlaba jikelele ukhiqizwa ngabalimi. Sidinga abalimi abahlanu ukwenza i'burger' elodwa. Abanye lapha esikoleni sethu bebengazi ukuthi izinto zokwembatha zenziwa ngezikhumba noma uboya bezimfuyo, abazi ukuthi ukufuya izilwane (izimfuyo) nakho kuyindlela yokufunda. Besicabanga ukuthi umsebenzi wezokulima ngukulima nje (ukutshala), kodwa namuhla sibonile ukuthi asazi lutho. Umsebenzi wezokulima kuhambelana nempilo yabalimi ngoba ngaphandle kwabalimi akungeke kubekhona ukudla."

ULetshabo Ipeleng waseSenzile Combined School

"Ngifunde ukuthi izinto esizisebenzisayo njalo zibuya kuphi futhi ziye kuphi ngaphambi kokuba ukudla okudliwayo. Sifunde ukuthi kungani izitshalo nezimfuyo zibalulekile kithi futhi zisinikezani. Sifunde futhi ukuthi ukudla kuvela kuphi ekuqaleni (primary) bese kuya esigabeni sesithathu (tertiary) bese kuya kube leyo nto esidliwayo. Kusinikeza futhi amaminirali nefayiba."

UMetyatet Nontetho from Senzile Combined School

"Ukuvakashela iThe Grain SA kusilethele ulwazi oluhle – kusinikeze izibonelo ezikhombisa ukuthi izinto zenziwa kanjani: ekuqaleni ('primary'), okwesibili (secondary), okwesithathu (tertiary). Kwakuyinto eyisimangaliso kimi. Ngimangale ukubona izinto ezisetsheziwayo sivelaphi. Kwenze ukuthi ngicabange ngemisebenzi ekhona ezokulimeni. Ngifunde futhi ukudbona ukuthi izingubo engizembatha njalo ngosuku zenziwa kanjani. Manje sengiyohlola ukuthi kukhona imisebenzi enjani ekulimeni ngoba ngibonile ukuthi nabantu abangafundanga nabo bayakwazi ukusiza – lokhu kusho ukuthi kuzoba khona eminingi imisebenzi futhi kuzoshintshakala impilo yabantu abaningi. Ngiyaphinda futhi: kwakuyisimangaliso ukubona lokhu."

UPono Shembe waseZakhe Agricultural College

"Bekunosizo olukhulu, ngiyaqinisa ukuthi zonke izikole nazo zizovuma. Nami ngifunde izinto eziningi kakhulukazi ukuthi izidingo ziningi zabantu zivela emsebenzini wezokulima. Lapho abantu basuka emapulazini baye emadolobheni nokwanda kwa-bantu, ukulima kulinganisa amapulazi namdolobha amakhulu. Ukulima kuvala isikhala sokukhiqiza ukudla emhlabeni jikelele. Izingubo esizigqokayo zihambelana nokukhiqiza ekulimeni. Silinda ukuthi bafike futhi!"

URebecca Ntsapi waeBoitumelo Secondary School

"Ngibonile ukuthi ngaphandle komsebenzi wezokulima sizohlupheka, akungeke kubekhona abantu emhlabeni, abantu bazokufa. Ngaphandle kokulima akungeke kubekhona izingubo zokwembatha, ukudla nezindlu. Ukulima kubalulekile empilweni yethu, ngaphandle kokulima akungeke kubekhona izinto eziningi emhlabeni. Ngiyabonga!"

UMoshane Paballo Vinoliah waseRainbow High School

"Yebo, kwakumnandi kakhulu ngoba ngifunde okuningi okuhambelana nomsebenzi wezokulima. Ngingumuntu ozwayo ngakho-ke sengiyaqonda okuningi okuhambelana nokulima futhi ngifuna ukufunda okunye futhi. Lokhu bekuhle kakhulu. Ngifisa ukufunda umsebenzi wezokulima futhi ngikhohla ukuthi kukhona amathuba amaningi ukuthola umsebenzi. Bengizojabula kakhulu uma umfundisi wethu weGSA unkosikazi A Thoma athintane nami. Angathintani nesikole sethu kuphela, kufanele baye ezikoleni ezinye futhi banikeze ulwazi nalapho."

UCallum Estchmaier waeWeston Agricultural College

"Yebo, kususize kakhulu ngoba kusilungisele ukungena emsebenzini wezokulima. Lesi sifundo sabo sisize futhi sibone ukuthi ukulima kubalulekile ukuthola ukudla, izingubo, izicathulo ne-eneji. Bazama futhi ukusisondelisa ekulimeni sonke isikhathi."

UMtabane Egnar waseLere-La-Thuto School

"Bekuyisimangaliso kimi ngoba okuningi bengingakwazi. Ngithemba ukuthi iGrainSA kizophinda libuye futhi. Kungisize kakhulu. Bengingazi ukuthi irayisi livela emhlabathini ngaphansi kwamanzi. Okunye engikufundile yilokhu: obabamkhulu bethu lapho befuna izingubo zokwembatha kwakufanele baphume bayozingela ukuthola izingubo, kodwa thina sithenga emashopo. Angizange ngicabange ukuthi ngizofunda okuningi kangaka. Ngiyanicela, phindani nifike nikhombise abanye abazange babone lesi sifundo senu. Bazomangala nabo lapho bebona lokhu engikubonile namuhla. Kwakuyisimangaliso!"

USandile Mohunu waseSarel Cilliers High School

"Yebo, ngikhohla ukuthi thina esingabantu sivama ukuthatha izinto ezivela ekulimeni ngathi kuyinto ejwayelekile nje. Angizange ngicabange ngazo zonke izinto engizizwe namuhla. Manje sengiyazi ukuthi ama'cornflake' awafiki nje etafuleni ngaphandle komsebenzi omningi owenzekayo ngaphambili. Sekuyisikhathi sibheke izinto zemvelo ngendlela ehlukene, ngendlela evumayo. Qhubekani ngomsebenzi wenu. Ningalahlekelwa umdlandla wenu..."

ULondeka Mkhize waseEstcourt High School

"Yebo, ngoba ngifundile ukuthi kukhona izigaba eziningi ekulimeni. IDVD mhlawumbe lingakuchaza okunye ngendlela ekhanyayo. Kungifundise ukuthi kukhona izingcebo eziningi emhlabeni, thina esingabantu sifanele sicabange ngakho. Siyabonga ngoba kukhona abantu abathatha isikhathi sabo, ukwazisa thina ngalezo zinto, silinda ukuthi baphinde bafike futhi."

UJaco Hulme wase Linpark High School

"Lokhu kwenze ukuthi ngibone ukuthi konke esikudlayo nalokho esikumbathayokutholakala emvelweni. Ngifunde ukuthi abalimi benza umsebenzi omkhulu empilweni wethu ngoba bona batshala izinto esikudlayo futhi amveji amaningi bayasikhombisa ukuthi umhlaba ziphila kahle futhi bayasikhombisa ukuthi umhlaba bathi ubalulekile empilweni yethu. Abantu bafanele baphephe izinto zemvelo ngoba kusasa kungenzeka ukuthi ukudla kuphele – sisebenzisa imiliyoni elilodwa lamathani lommbila ngonyaka. Uma siqhubeka kanje sizoba enkingeni, kwenze ukuthi ngicabange ngazo lezi zinto futhi ukubonga ngoba sisenazo!"

UMakotsoang Sello waseLouv Wepener Combined School

"Yebo, ngoba kumnandi ukuthola ulwazi okuhambelana nokwezokulima, ngufundile futhi ukuthi umhlabathi uyinto yemvelo ephilisa umhlaba. Konke esikutholakako namuhla kuvela kuzimfuyo nasemhlabathini. Ubabamkhulu wami wayelima naye kodwa wayengenolwazi njengobaba. Ubaba unolwazi nekhono, utshala izinto eziyinhlobonhlobo njengeklabishi namazambane. Ngifisa ukuthatha ifa labazali bami ngiye phambili. Nobaba uzozigqaja. Lokhu engikubonile bekuyinto engeke ngiyikhohlwe. Ngibonga kakhulu." 

Sibheka Amaqembu Okufunda aseEastern Cape

KULE NDAWO KUKHONA AMAHEKTHELI ANGU-2152 AKWAZI UKULINYWA NGAMALUNGA AMAQEMBU OKUFUNDA. LEZI ZINDAWO NGUMHLABA OSETSHENZISWA NGUMUZI WONKE KODWA UGAVUMENTE UNGUMNINI, UPTHATHWA NJE UMKHANDLU WESIGODI. UMLIMI NGAMUNYE UNESIVUMELANO SOKHUHLALA KULEYO NDAWO (PERMISSION TO OCCUPY – PTO) OKUCISHE KUFANE NESIVUMELWANO SOKUQASHA. UMLIMI ANGEKE AKWAZI UKUBA UMNINI WALOWO MHLABA, KODWA NAYE ANGEKE EKWAZI UKUQOSHA KULEYO NDWAWO.


Ngalo nyaka abalimi bahlulekile ukulima amahektheli angu-857. Kunkhona izizathu eziningi zalokhu, kakhulukazi izindleko eziphakeme zokuqala ukulima nezindleko eziphakeme zokuqasha abankontilaki. Abalimi bayahluleka ukuthenga imishini yabo ngoba intengiso yokudla okuzinhlamvu iphansi futhi inzuzo incane. Abaningi abalimi abasasebenzisa lo mhlaba sebakhlule baphila kakhulu ngempempensheni kuphela. Futhi laba balimi abagugile bangeke basekelwe amabhange ngokuboleka imali, abakwazi futhi ukwandisa amasimu abawahlanyelayo ngemali abanayo.

Amaningi amasimu akwazi ukutshalwa awakabiyelwa ngothango, manje abalimi babhekene nengozi ngoba izimfuyo zidlakhona. Iphrogramu leCASP loMnyango Wezokulima iqhubeka kancane kakhulukazi ngokubiyela amasimu ngothango. Iphrogramu elikhulu lokukhiqiza ukudla liyanciphiseka ngoba abaningi abalimi abasatholi ukusekelwa kuleli phrogramu ukuze batshale ukudla. Abalimi basemaphandleni bacela ukusizwa iphrogramu leASGISA bese balima amasimu womuzi wonke kodwa lokhu akusizi abanini balowo mhlaba. Lokhu akusiyi incasiso eqinile ngoba siyazi ukuthi lapho iASGISA lingasalimi amasimu, amasimu azophinda ashiywe nje angeke alinywe ngoba kungeke kubekhona ukunikezwa kolwazi futhi abalimi abangeke bathole amandla ukuqhubeka ngokwabo.



Amalunga esiqumbi sokufunda ahlalana njalo ngenyanga. Kunosizo olukhulu ukuba ilunga lequmbi lokufunda ngoba abalimi bayakwazi ukwabelana izibono zabo, ukukhomba izidingo zabo mayelana nokuthola ulwazi futhi ukusekelana. Abalimi abasemaphandleni basekudeni nabalimi bezomnotho ngakho-ke abekho abalimi abaningi abalima ngendlela yezomnotho. Uku-thuthuka kulezi zindawo kuqhubeka kancane, kodwa ngiyajabula ukuthi ukuthuthuka kuyabonakala. Abalimi basebenzisa izimbewu ezingama-‘hayibridi’ (izimbewu ezimbili ezingafani ngohlobo), umanyolo ofanelekile futhi bazama ukubulala ukhula emasimini lapho kutshalwe khona ummbila.

ULAWRENCE LUTHANGO, UMHLANGANISI WEPHROVINSI WEPHROGRAMU LABALIMI BASESA ABASATHUTHUKAYO





Ukumazi... uMonica Mathamba

UMONICA MATHAMBA UHLALA EMBUSWENI WASEMTHATHA MBOZISA LAPHO EYILUNGA LENHLANGANO LABALIMI BASEMBOZISA. UMONICA ULIMA AMASIMU OMHLABA WONKE ANGAMAHEKTHELI ANGU-6 FUTHI UPHUMELELE UKUBIYELA AMASIMU LAPHO ETSHALA KHONA NGOTHANGO.

UMonica uye kuzifundo zeGrain SA eziqeqesha abalimi ezilandelayo: Isingeniso sokukhiqiza ummbila nesifundo esiphakeme sokukhiqiza ummbila. UMonica wandise umkhiqizo wakhe ngokusebenzisa ulwazi aluthole kuGrain SA. Uvame ukukhiqiza amathani angu-3,5 ehektheleni kodwa manje ukhiqiza amathani angu-4,5 ehektheleni.

Uyithola kanjani imali yokutshala?

Imali yokuqala ukutshala uMonica usebenzisa imali ephuma ekhukhwini lakhe ngoba umphathi wezimali uvama ukuthola imali ayibolekayo emva kwesikhathi lapho sekuvuniwe.

Uzithola kuphi izinto zokutshala?

UMonica uthi uthenga izinto zakhe zokuqala ukutshala kuMthiza Farmers Co-op naseEast Cape Co-op. Inani lentengo livama ukuba phezulu (ziyadula) futhi abalimi abanikezwa iseluleko maqondana netheknoloji zalezo zinto.

Uyinini umsebenzi ugavumente ubhekene nawo ekulimeni futhi uphumelela kanjani ukwenza lowo msebenzi?

Ugavumente ufanele enikeze abakhiqizi imibiko (iseluleko) namakhono ahambelana neknoloji futhi bafanele banikeze izindlela namathuba ukuqhubeka ngomsebenzi wabo (*infrastructure*). UMonica uthi ugavumente akawenzi lowo msebenzi ngoba abasebezisi amapholisi abo lapho kudingeka khona.

Utthini ngokuqhubeka kwakhe ngendlela enhle kangaka ekulimeni?

UMonica uthi ukuphumelela kwakhe phambili kwenzeka ngoba uthanda kakhulu umsebenzi wokulima futhi usebenza kakhulu njalo, ukhuthela. Ukhulwa ukuthi ukusebenzisa izimbewu ezingama-'hayibridi' (izimbewu ezimbili ezingafani ngohlobo), umanyolo ofanelekile futhi uzama ukubulala ukhula emasimini ngamakhemikheli kumsizile ukwandisa umvuno wakhe. Ngalo nyaka, uMonica ufuna ukuthenga eminye imishini, kakhulukazi umshini ofafazayo.

ULAWRENCE LUTHANGO, UMAQONDANISI WEPHROGRAMU LEGRain SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI KULELI PHROVINSI



PULA IMVULA

Leminigwane yenziwe ngabakwa Maize Trust.

GRAIN SA

PO Box 88, Bothaville, 9660
▶ (056) 515-2145 ◀
www.grainsa.co.za

UMPHATHI WEPHROGRAMU

Jane McPherson
▶ 082 854 7171 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI: UKUQEQESHA NOKUTHUTHUKISA

Willie Kotze
▶ 082 535 5250 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI: FIELD SERVICES

Danie van den Berg
▶ 071 675 5497 ◀

UKUSAKAZA: PULA-IMVULA

Debbie Boshoff
▶ (056) 515-0947 ◀

ABAHLANGANISI BEPROVENSI

Daan Bosman
Mpumalanga (Bronkhorstspuit)
▶ 082 579 1124 ◀

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
▶ 079 497 4294 ◀

Tonie Loots
North West (Zeerust)
▶ 083 702 1265 ◀

Jerry Mthomboti
Mpumalanga (Nelspruit)
▶ 084 604 0549 ◀

Lawrence Luthango
Eastern Cape (Mthatha)
▶ 083 389 7308 ◀

Jurie Mentz
KwaZulu-Natal and Mpumalanga
▶ 082 354 5749 ◀

Ian Househam
Eastern Cape (Kokstad)
▶ 078 791 1004 ◀

UMSHICILELI

Infoworks
▶ (018) 468-2716 ◀
www.infoworks.biz



IPULA IMVULA ITHOLAKALA NGALEZI ZILIMI EZILANDELAYO:

IsiZulu,
IsiNgisi, IsiBhunu, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, IsiXhosa.

Sizimisele ukukhipha incwadi enhle kakhulu. Uma ufisa ukuxoxa ngokuphakathi noma ngendlela kubhaliwe ungathintana noJane McPherson.

Kuphakanyiswa izinkathazo emhlanganweni (eKhongolosi)

UMNZ JAN BOTHA WASETHABA'PATCHOA UPHAKAMISE IZINKATHAZO EZININGANA EZIPHATHELANE NABALIMI ABASAKHULAYO KULO MHLANGANO WOMNYAKA WEGRain SA ngo-9 Mashi 2011. UKHULUME KAKHULU NGEZINKINGA ABAKHIQIZI ABASAKHULAYO BABHEKENE NAZO NOKWEHLULEKA KUKAGAVUMENTE UKUBASIZA NGAZO.

Ngaphambi kokunikeza izibonelo zezinkinga abalimi babhekene nazo nokwehluleka kukagavumente ukubasiza uJan wathi, "Thina esingabakhiqizi abazakhulayo abamnyama sibhekene nezinkinga ezifana nalezo abalimi bezomnotho babhekene nazo, kodwa kaningi izinkinga zethu zinkulu ngoba asinayo imali ebekiweyo".

Waqala ngokhuluma ngenani lepH elisemhlabathini elingaphansi. Wakhombisa ukuthi ngonyaka obdlule iDAFF lithembise abakhiqizi ukuthi lizobanikeza umcako. Ngonyaka odlule kwakhiwa amamephu ngeGPS, kwathathwa amasampula omhlabathi, kwakhishwa umlayezo, kwaqondiswa ukuthi kudingeka inani lomcako elingakanani futhi imali beyikhona ebhujethini. Konke lokhu kwenzeke ngoMeyi 2010, kodwa ngokwamanje umcako usengakathelwa emasimini. UJan wathi, "Lokhu kwenze ukuthi umvuno wasehlobo ngonyaka odlule waba phansi futhi kuzokwenza ukuthi akungeke kuvunwe ukolo omningi lo nyaka."

Isimo esibi semishini nesawogandaganda kuyinto yesibili eyimhluphayo uJan. Wathi iGrain SA ihole kahle ukuthi isimo semishini sabakhiqizi abangu-42 eFreyistata sinjani. IGrain SA laselacela iDAFF ukusiza labo balimi ngeR2,5 miliyoni ukulungisa leyo mishini. Wonke lo msebenzi we-Grain SA wawulungisiwe ngo-12 Mashi 2010, kodwa ngokwamanje iDAFF alikenzanga lutho.



Okunye okumhluphayo ngokuyinhlawulo yamankontula emasimini nezindawo lapho kuhamba khona amanzi. Uthi, "iDAFF linephrogramu elihle lokuphepha umhlaba (Land Care) elenza umsebenzi omuhle, kodwa ibhajethi labo lincane kakhulu, umhlabathi uyagezeka ngaphambi bakwazi ukukuvimba lokhu."

UJan uthintane futhi nesimo semigwaqo lapho emzini wethu esenza ukuthi abakhiqizi bangakwazi ukuthutha umvuno wabo ngendlela efanelekile – imigwaqo idala ingozi ngoba ilimaza amaloli. Wase waqhubeka waya kwenye inkinga, inkinga yokudlisa amadlelo kakhulu. UJan wathi, "Ukudlisa amadlelo kakhulu kufanele kuphathwe iDAFF ngephrogramu elalibizwa ngokuthi *bodem beskerming*,"

Kukhona ezinto ezinye ezimbili ezimkhathazayo uJan. Ngokokuqala uthi omasipala bayahluleka ukuphatha umhlaba womuzi wonke ngendlela efanelekile. Ngokwesibili ukhulume ngezinkinga zabalimi zokutshaleka imali yokukugqala ukukhiqiza. UJan uchaze wathi ngonyaka odlule abakhiqizi abamnyama batshale amasimu angu-25% kuphela ngoba bahlulekile ukuthola isikwenetu sokuqala ukukhiqiza. Inzuzo incane kakhulu ukuthola isikwenetu. IGrain SA lenzele abalimi abangu-152 amasu ebhizinisi (*business plans*) kule phrogramu elizosiza abalimi abafuna ukutshala izitshalo zasehlobo. Abakhiqizi badinge amagranti esikhashane kodwa ugavumente akaze wathatha izinyathelo ngale ndaba. "Amahektheli angu-27 000 awazange watshalwa lo nyaka ngabakhiqizi abamnyama – amasimu amahle. Ogavumente abazange benze lutho ukusiza labo balimi, kodwa bathi njalo ukuthi bakhathazekile ngenkinga yokudla okuzobakhona nakusasa."

UJan waphinda wathi ukuthi unenkinga ngeziphathimandla eziqobelelana nolwazi ngoba bayahluleka ukusiza abakhizi. "Azinolwazi namakhono ngoba azizange zilime ngokwabo, eziningi azifiki nokufika emapulazini."

Isibonelo sokugcina sokwehluleka kukagavumente ukusekela abalimi abasakhulayo yilesi: UMnyango Wezomhlaba unikeza abantu abangasibo abalimi umhlaba. "Abalimi abanekhono lokulima bayaqhubeka ukuhlupheka ngoba abanayo indawo yabo yokulima kodwa abantu abangakwazi ukulima banikezwa umhlaba manje lowo mhlaba awusetshenziwi."

UMz Jan Botha wagcina wacela uSihlalo weKhongolosi ukuhambisa lo mbiko kugavumente. "Bayahluleka ukusekela abalimi abamnyama futhi abangeke bakwazi ukushintsha lesi sigaba sempilo lapho banganikezi abantu lokho okudingekayo."

UILANA KOEGELEBERG, OBHALELA IGRAIN SA